

INTOMBАЗАНА EYAYINGENALO IZWI



nguBuhle Ngaba

nguBuhle Ngaba

INTOMBАЗАНА EYAYINGENALO IZWI

INTOMBAZANA
EYAYINGENALO IZWI

Kulabo abakhanya unyezi ezikhunjeni zabo.

ISBN 978-0-620-70329-1

Amalungelo Obunikazi © 2016 Buhle Ngaba

Wonke amalungelo agodliwe.

Lona umsebenzi oyindaba eqanjiwe. Bonke abalingiswa nezinto ezenzeka kule ndaba yimiphumela nje yemicabango yombali. Ukuyidayisa ngaphandle kwegunya elibhalive akuvunyelwe. Ayikho ingxene ye yalo msebenzi engakhiqizwa kabusha ngaphandle kwemvume ebbaliwe evela kumbali, ngaphandle-ke kwezicaphuno ezimfishanyana ezicashunelwe ukubukezwa kwendaba.

Imifanekiso © 2016 Thozama Mputa

Izithombe © 2016 Neo Baepi

Isandulelo

Le ndaba ethi *Intombazana Eyayingenalo Izwi* ibhalelwé ukuphikisana nokwejwayelekile, nanjengempendulo yokuthile okusezinganekwaneni esasizioxelwa njengamantombazanyana amancane. Izindaba ezikhulumá ngamakhosazane amhlophe anamehlo aluhlaza okwesibhakabhaka, nezinwele eziphephezelayo kanye nobuhle obumangalisayo ezazibazi kahle nazo. Kodwa ngaphezu kwakho konke lokho, ibhalwe ukuze ibe yikhambi lokuba kwamina ngizelaphe. Ibhalelwé ukwelapha lolo hlangothi lwami oluthunukalayo njalo lapho imizimba yabesifazane abamnyama ishaywa indiva noma ihlukumezeka emphakathini ovuna abamhlophe, abangabesilisa kanjalo nocwasa ngokwebala.

Njengendlela yokuhlumelelisa amandla nokubaluleka kwalokhu emantombazaneni asemancane namnyama eNingizizmu Afrika, ngibhala indaba ngentombazane yebala elimnyama nengenazwi, ezama ukuthola elayo iphimbo. Ngikwenze kwacaca bha ukuthi ngifuna le ndaba ifinyeleleke kangakanani, ngoba ngifuna ibe yisikhuthazi emantombazaneni nasebafaneni abamnyama nokuyibo engiyibhalele bona ukuze nabo bazithungathe, bazazi ukuthi bangobani. Ngifisa bakuthole lokho, bakwamukele bese bekusebenzisela ukuguqula izimpilo nezimo abaphila kuzona.

Ethimbeni lami eliphambili ngempela, ngaphandle kwenu ngabe le ncwadi ayizange ibe khona. Ngizizwa ngithobeke kakhulu ngendlela eninikele ngayo ngesikhathi, amakhono kanye nezinhliziyo zenu. Ngibonga umndeni nabangani bami ngokungeseka ngendlela engenakuzanyazanyiswa. Okokugcina, kodwa okubaluleke kakhulu, ngibonga kowesifazane owanikeza ugqozi lokuqala lo mnyakazo nokuphendla indlela.

- *Buhle Ngaba*

INTOMBAZANA EYAYINGENALO IZWI

iqanjwe yabhalwa nguBuhle Ngaba

Ihunyushwe nguMalungi Mbhele yasatshalaliswa nguNal'ibali
umkhankaso Wokufundela Ukuzithokozisa

balingiswa nguNoxolo Mafu bekanye noMika Milosevic

ihlelwe nguDBZ Ntuli | izithombe nguNeo Baepi | imifanekiso nguThozama Mputa
imiklamo yenziwe nguLisa Robertson nguRyan Haynes

Kwasukasukela, kwakunentombazanya eyayinemijeko yezinwele ezazintofontojo,
umlonyanwa owawumise okwezimbali zohlobo lwama-cherry ziqhakaza, kanye
namehlo ansundu kuhle kweziziba zamanzi.

Yathi lapho iphuma nje esiswini sikanina, kwacaca ukuthi yayinge yekhethelo.






Lezo ziziba zamanzi ezinsundu zazixoxa izindaba zemilingo yezintombi eziphila emanzini kodwa ezazikwazi futhi ukuhamba phakathi kwabantu ebusuku.

Yayithanda ukuxoxa izindaba, nezandla zayo zazidweba izithombe zokuthi uthingo lwenkosazane lwalwakhiwe kanjani yinqxubevange yamathonisi emvula amibalabala angazange afinyelele emhlabeni.




Kodwa phezu kwawo wonke umlingo nemicabango yayo yobuchule, le ntombazanya yayinqakwazi nokuthi vu ngezwi layo. Kwakungekho nakukhenceza, kungekho mvunge, kungekho ngisho nakunyenyeza okuphuma emlonyeni wayo. Kungekho naqanyana noma-ke umculo ongatheni owawuphuma kule mjihlo eyayisemphinjeni wayo futhi ingabonwa muntu, kuyiyo kuphela eyizwayo. Kwakunomjece osagolide owawuzinze khona. Kodwa wawungayiphazamisi neze. Empeleni nje, yayithi uma yeneme, uwakale wenza imvunge eshayela phansi emqaleni wayo.





Kwakungekhona ukuthi yayingeza ezindlebeni! Yayikuthanda ukutshiloza kwezinyoni ekuseni nokukhencenkacea kwezinsimbi zomoya unina ayezibeke enhla nombhede wayo.



Kodwa ngokuhamba kwasikhathi, baba mbalwa abantu ababebuka
emehlweni ayo ukuze bezwe izindaba zayo, ngaphandle kwezwi
layo, yaba ngoshaywe indiva.

Ngakho amehlo ayo ayengasenalutho aluxoxayo nezandla zayo
zayeka ukudweba.

Ebusuku, yayincenga umfcele lo wegolide owawume emphinjeni
wayo ukuba unyamalale unomphela.





Kwase kuthi ngobunye ubusuku, inkosikazi enezimpiko ezibomvu nemisebe
yelanga esikhunjeni sayo yabonakala ezansi nombhede wayo. Inkosikazi
yachaza ukuthi yabe ithunywe inyanga ukuba izosiza le ntombazanyana
ikwazi ukuthola iphimbo layo elalingaphakathi kuyona.



Inkosikazi enezimpiko ezibomvu yawula incwadi yaqala ukufunda kuzwakale. Yafunda izindaba
zezindlovukazi namakhosi amnyama. Amakhosazane ayebulala izilo ezikhajula umlilo.

Abesijazane ababeguqula imihlabu ngamazwi nje. Kanyo nezindaba ngamadodakazi abo
ayesikwe ulimi, kodwa ekwazi ukucula ingoma yobuqhalaqhala yize noma ethule.

Isalalele lezi zindaba, yathi ingazelele nje intombazanyana, labe seli qala ukuphuma ilanga. Nanjengenjwayelo uma intombazanyana yeneme, umfice osagolide wawuvevezela emphinjeni wayo. La mantombazane okwakuxoxwa ngawo ezindabeni ayejana ncimishi nayo. Yabe seyibona ukuthi mhlawumbe kwakungeyona kuphela eyayisesimweni esinjengalesi sayo.

Inkosikazi yakhwintshela izinkondlo zayo ngaphansi kwengalo yayo yethembisa ukuthi izobuya ngobusuku obulandelayo.





Ngalokho kuhlwa, ngenkathi izinkanyezi zigala ukuqhakaza esibhakabhakeni, intombazane
yahlala embhedeni wayo imagange ilindele ukujika kwenkosikazi ezimpiko zibomvu.

Yake yazibuza ukuthi mhlawumbe konke lokhu akuyona yini into esemqondweni
nje. Sisho indaba yenkosikazi nezindaba zayo phela.

Kodwa yehluleka ukuchaza umlingo wezindaba eyajiziwile.



Kwathi lapho nje sebuthi le le le ubuthongo, kwathi bane ukukhanya okubomvu yabe isimemjuka Juthi inkosikazi ezimpiko zibomvu. Kodwa manje, yakhomba ejasiteleni.

Intombazanyana yajabula kakhulu ngokufika kwenkosikazi ezimpiko zibomvu ayaze yanqikaza ukuba iqxumele ngaphandle kwejasitela ngomsindo othi WOOSH. Ibambelele ngqi enkosikazini yazithola iqxumagxuma phezulu esibhakabhakeni sasebusuku.

Kwathi intombazanyana inqazelele, inkosikazi yayidonsela ezansi ngasolwandle,
bathi DINSI esihlabathini esimpukumpu. Yaphendukela
entombazaneni encane yayitshela ukuba icinge lapha
ogwini lolwandle izinto ezaziyijabulisa.



Kwaba khona okwathi benye benye le buqamamana kwakhanga iso
lentombazanyana. Yahamba yahamba ibheke ngakukhonan kodwa emva kwamahora
amaningi ilokhu ihamba, yayingakasondeli nakusondela kukhona. Yathi lapho
seyicabanga ukuzilahla phansi, yanyathela igobolondwana elincane lommenke.






25

Yayingakaze iyibone into engejwayelekile kanje ngaphambilini ngakho yayibamba yayibukela kujana nobuso bayo. Yabe seyjqala ukuzwa ukwenanela okuphindaphindekayo konqambothi kuvela enhliziyweni yayo. Ngakho yabeka igobolondo lelo endlebeni yayo ukuze izwe lo mculo ngokucacile.

26



Igabolondo layitshela ngothando olubanzi njengolwandle, nemihlaba exhunywe ngamagagasi. Umculo wayethembisa ukushushuluza emihlane yemikhomo emaphusheni ayo naphezu kwamagagasi ahamba le phezulu lapho inyanga igcwele.

Yamamatheka yatshinga igabolondo olwandle. Yathi lapho yenze njalo umjece osagolide wavevezela ngentokozo, lokho kwayiqinisekisa ukuthi konke kwakuhamba kahle. Ngakho intombazanyana yaphuthuma ijaha ukucwebezela lokho okwakubonakala kude le.






29

Ngenkathi ighubeka ihamba osebeni lolwandle, umbala wesihlabathi waphenduka ukade umhlophe waba sabukhwebezane ngokuphashile. Yayeka ukubuka le kude kodwa yakhangwa yizithunzi ezinyaweni zayo. Kwakunemibala esabukhwebezane, emnyama, esakhilimu ihlangene ndawonye.

Ngenkathi sanda isikhathi igqolozele lokhu, yingale nkathi seyiba nesiqiniseko kakhulu sokuthi ikhona into eyajoyithola esihlabathini esasibukhwebezane ngokuphashile. Yabe seyiqaphela ukukhanya okwakuvela kuso isihlabathi yazibuza ukuthi kambe yayike yakubona kuphi ukubenyezela okujana ncimishi nalokho ngaphambilini.

30



Yaphakamisa isilevu sayo ukuze ibuze isibhakabhaka, yathi isenza lokho, yabona
nalokho kubenyezela eyayikade ikusukela, yasho nje ukuthi yayilapho-ke
impendulo eyayiyijuna!

Ishlabathi phansi kwayo nale nto eyajiphambi kwayo kwabenyezela ngendlala
efana ncimishil!

Kwaba yilapho yaqondisia kahle khona-ke ukuthi lokho eyayikusukela kwakungekho
ngaphambi kwayo noma ngemuva, kodwa kwakuhlale kungaphakathi kuyo.
Yayingaguqla noma yini empilweni yayol





Yathola into yayo yokugcina ejiguqu ezinyathelweni ezimbalwa nje kude nayo. Kwakuyinhlanzi-nkanyezi encanyana. Yayibukisisa esandleni sayo ngenkathi ihamba ibheke ngasolwandle. Iphinki ngokuphashile, inamaggabhaqabha asakhilimu echosheni lomzimba ngalinye. Umjece osagolide emphinjeni wentombazanya wavevezela buthule ngenkathi ijibuka iphejumula ikhipha ibuye ijaka umoya.




"Ngisho nezintwanyana ezincane ziyaphesumula futhi ziyaphila zishintshe umumo womhlaba ngandlela thile ndawana thile emhlabenii," icabanga.



Yabe seiyiphindisela ngokuyiphonsa olwandle inhlanzi-nkanyezi okwathi lapho
idalakaxeka khona, yabe seyibambene ngesandla nenkosikazi ezimpiko zibomvu futhi.
Bagqolozelana isikhathhi eside, kungekho othi vu phakathi kwabo, bagxuma
baphindela emkhathini, bandizela emuva ekhaya.




Ekuseni ngakusasa, intombazane yayingasakhumbuli kahle hle ukuthi inkosikazi ezimpiko zibomvu yayiyishiye kuphi, kodwa yayikhumbula ukuthi yayiyishiye kunokukhanya okukhazimulayo, lapho yayiqabula khona yethembisa nokuthi iyohlale izimisele ukuyeseka.




Ngalobo busuku, intombazanyana yabona ukuthi inkosikazi ezimpiko zibomvu yayingeke isabuya. Yathi uma ivula ifasitela, kwandizela izimvemvane eziningi egumbini layo, zahlala zayjungeza.

Almehlo avuleka ngenkathi izwa umfice osemphineni wayo usontasonteka ngendlela engejwayelekile. Umgala wayo wanwebeka lapho izwa izimpikuwa ziphekuzela kancane ngasemphineni wayo.



Izimvemvane zaqala ukundiza, zaphuma ngelasitela ngalunye ngalunye. Kwathi lapho sekunyamalele ollokucina, izindebe zentombazanyana zavuleka, yaphakamisa isilevu sayo, kwathi njengokuphakuzela buthule kwezimpiko zezimvemvane, yezwa umsinjwana osakububula okuncane uphuma emfeciwayo osagolide.



Izwi layo, leli ebikade ilizingela, belilokhu lingaphakathi kuyona sonke lesi sikhathi. Futhi kwathi uma kuzwakala amazwi ayo okugala ngqa ezindlebeni zayo, yazi kahle ukuthi yayithukulule umlingo eyajizoguqula ngawo umhlaba.





The Girl Without A Sound is produced by Maru Factory (Pty) Ltd. The company is focused on creating and publishing new forms of art in Africa and the world at large.

KaMatla Productions is an NPO created to aid the development of the arts in underprivileged communities and to develop the legacy of storytelling amongst the youth. Buhle Ngaba is the co-founder and director of KaMatla. Each book donated to a girl in need is processed and distributed through this NPO.



